



Edition 7
isiZulu, English

Telling stories

Telling stories can be rewarding and fun... and they are a great way to stimulate children's imagination and their own use of language. If you grew up having adults tell you stories, then you will probably remember the thrill of being completely swept up in a story that is well told! Here are some tips to help you be that kind of storyteller.

- **Getting started.** It's always easiest to start with what you know when you first start telling stories, so start with ones that you know well. These could be stories that were told to you as a child or ones that you have enjoyed reading over the years.
- **Think about your listeners.** Choose a story that will interest your listeners and is appropriate for their ages. For example: you wouldn't tell a ghost story to three year olds, but teenagers might enjoy it! Young children love stories about themselves and about you when you were young, especially ones that are funny or about you being naughty!
- **Paint a picture.** Help to create a sense of wonder and pictures in the minds of your listeners by using:
 - o interesting and expressive words
 - o questions that invite your listeners to participate, for example, 'And what do you think happened next?'
 - o gestures, for example, reaching up to show how tall a tree or giant is
 - o facial expressions, like smiling to show how happy a character was
 - o expression in your voice: you can give different characters different voices such as a soft, squeaky voice for a mouse and a big, booming voice for a giant.
 - o eye contact with your listeners – don't be shy, look them in the eye!
- **Practise.** If you are telling a story to a group of children, practise in advance. The best place to practise is in front of a mirror. You'll be able to check your

facial expressions, gestures and whether you have used too many 'ums' or 'ahs'!

- **Fresh and interesting.** Keep storytelling exciting for yourself by finding new stories to tell – look in books or on the Internet. Translate and adapt those stories that are only available in one language.

Stop!

If you aren't going to use this supplement, please give it to someone who will! Deliver it to a school, community centre, library or someone you know.

Find more tips for telling great stories at www.nalibali.org



Ukuxoxa izindaba

Ukuxoxa indaba kungakwenelisa futhi kukuthokozise... futhi kuyindlela ekahle yokukhuthaza ukucabanga kwengane kanye nokusebenzisa kwayo ulimi. Uma ukhule kukhona abantu abadala abakuxoxela izindaba kungenzeka ukuthi ukhumbule ukuthi wawuyithokozela kanjani indaba eyayixoxwa kahle! Nanka amacebo okukusiza ukuthi ube yilolo hlobo lomuntu oxoxa kahle indaba!

- **Ukuqala:** Kuba lula ukuthi uqale ngalokho okwaziyo uma uqala ukuxoxa indaba, ngakho qala ngalezo ozazi kahle. Kungenzeka ukuthi kukhona izindaba owawuzixoxelwa useyingane noma lezo obuthokozela ukuzifunda eminyakeni edlule.
- **Cabanga ngalabo abakulalele:** Khetha indaba ezobahlaba umxhwele abakulalele futhi nehambisana neminyaka yabo. Isibonelo: angeke uxoxele izingane ezineminyaka emithathu izindaba zezipoki, kodwa kungenzeka ukuthi uzixoxele izingane ezineminyaka ephakathi kweyi-13 ukuya kweyi-19! Izingane ezincane zithanda izindaba ezimayelana nazo kanye nezimayelana nawe ngesikhathi usemncane ikakhulukazi lezo ezihlekisayo noma nokuganga okuthile!
- **Penda isithombe:** Basize ukuthi bathuthukise umuzwa wokucabanga ngokuthile kanye nokuzenzela izithombe emiqondweni yabo ngokusebenzisa:
 - o amagama ahlaba umxhwele nachaza okuthile
 - o imibuzo eyenza ukuthi abalalele bazibandakanye, isibonelo, 'Ngabe nicabanga ukuthi kwenzekani kamuva?'
 - o ukukhombisa okuthile ngomzimba, isibonelo, ukwelula uphakamise isandla

ukuze ukhombise isihlahla eside noma isiqhwaga

- o ukukhombisa ebusweni indlela ozizwa ngayo, okufana nokumamatheka ukukhombisa ukuthi wayejabule kanjani umlingiswa
- o amaphimbo ahlukene: nikeza abalingiswa abehlukene amazwi ehlukeni afana nakhulumela phansi, izwi lokunswininiza legundane kanye nezwi elikhulu elimemezayo lesiqhwaga.
- o bheka abakulalele emehlweni – ungabi namahloni, babheke emehlweni!
- **Zijwayeze:** Uma uxoxela ithimba lezingane indaba, zijwayeze ngaphambi kwesikhathi ukuxoxa indaba leyo. Indawo ekahle ongazejwayeze ukwenza lokhu kuyona yiphambi kwesibuko. Uyakwazi ukubuka indlela ubuso bakho obubukeka ngayo, okwenza ngezandla zakho kanye nokuthi usebenzise o-'um' noma o-'ah' abaningi yini!
- **Okusha kanye nokuhlaba umxhwele:** Yenza ukuxoxa indaba kube lokhu kuhlaba umxhwele ngokuthi ude uthola izindaba ezintsha ngazixoxa – bheka ezincwadini noma kwi- inthanethi. Humusha bese ulungisa kabusha izindaba okungenzeka ukuthi zitholakala ngolimi olulodwa kuphela.

Yima!

Uma ungeke usisebenzise lesi sithasiselo sicela usinikeze umuntu ozosisebenzisa. Sihambise esikoleni, esikhungweni somphakathi, kumtapowolwazi noma kumuntu omaziyo.

Thola amanye amathiphu okuxoxa izindaba ezinhle ku-www.nalibali.org



Noodle

Dreaming big for our children
Ukuba namaphupho amakhulu ngezingane zethu



"Just yesterday we had a wonderful experience with the mini-book in your first supplement, *Books are friends*, with a group of students. We have two copies of the supplement. I read the English with expression and helped the students with their pronunciation as they read it. Then they read with me in isiXhosa and helped me with my pronunciation and understanding. They were so impressed that I knew what they were reading about! What a fun hour we had – and, not being a mother-tongue speaker of isiXhosa, it was such a boost for me!"

Michelle, Ikhwili Primary School, Kei Mouth, Eastern Cape

"Goxhill Primary says 'Thank you' – our newspapers containing the wonderful Na'libali supplement were delivered at 8am today!"

Brenda, KwaZulu-Natal

Dear Na'libali...
Na'libali othandekayo...

Write to
Na'libali at PO Box
1654, Saxonwold, 2132 or
letters@nalibali.org
Bhalela ku-Na'libali e: PO Box
1654, Saxonwold, 2132 noma
letters@nalibali.org

Five easy ways to use the Na'libali supplements at your reading club

1. Choose one of the mini-books or zig-zag books to use in a read-aloud session. Let the children follow in their own copies as you read to them.
2. Use some of the 'Get story active' ideas as reading club activities.
3. Become familiar with the 'Story corner' stories and then tell them to the children.
4. Let older children read the 'Story corner' stories on their own or to younger children.
5. Get as many copies of the supplements as you can. Cut them up to create the mini-books, zig-zag books and longer stories. Create a lending library for reading club members so that they can borrow these books and read them at home with family members.

Running a reading club?

Register your reading club with Na'libali to be part of our network and to receive even more ideas and stories for your club. Visit www.nalibali.org and click on "join" – it's quick and easy.

Izindlela ezinhlanu zokusebenzisa izithasiselo zeNa'libali ethimbeni lokufunda

1. Khetha eyodwa yezincwadi ezincane noma izincwadi ezinamazombombe enizozisebenzisa ukufunda kuzwakale kakhulu. Vumela zingane ukuthi zilande izindaba ezincwadini zazo ngesikhathi uzifundela.
2. Sebenzisa amanye amacebo atholakala ku-'Yenza indaba ihlabe umxhwele' njengenye yezinto ezenziwa ethimbeni lokufunda.
3. Yazazi ngokuphelele mayelana nezindaba 'Zekhona lendaba' bese uzixoxela izingane.
4. Vumela izingane esezikhulile ukuthi zizifunde izindaba 'Zekhona lezindaba' noma zifunde izingane ezisencane.
5. Thola amakhophi ezithasiselo amaningi ngendlela ongakwazi ukuthi wenze ngayo. Wasike ukuze wakhe izincwadi ezincane, izincwadi ezinamazombombe kanye nezindaba ezinde. Yakha umtapowolwazi okubolekwa kuwona izincwadi wamalungu ethimba lokufunda ukuze akwazi ukuziboleka aye nazo ekhaya ukuze azifunde ekhaya namalungu emindeni yawo.

Ukuqhuba ithimba lokufunda?


Bhalisa ithimba lakho lokufunda kwaNa'libali bese uba yingxenywe yohlelo ukuze utholele ithimba lakho eminye imiqondo kanye nezindaba. Vakashela ku-www.nalibali.org bese uchofoza ku-"join" – lokhu kuyashesha futhi kulula.

Create your own mini-book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

Zenzele ibhukwana lakho

1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku 6 kulolu shicilelo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



Get story active!

After you and your children have read *Father Snail*, try out some of these ideas.

If you have 10 minutes...

- ✿ Talk about the story with your children. Why do they think Father Snail did not know how to cook and why he had forgotten how to chop wood?
- ✿ Ask your children to draw a picture of their favourite part of the story.

If you have 30 minutes...

- ✿ Talk about who does the different chores in your home. Most young children love to help so suggest appropriate chores for them, for example, packing away their books and toys; packing away the clean dishes. Write lists of household chores – you write yours and encourage your children to write theirs. Help with spelling if they ask. Suggest that you all read and then display your lists to remind each other of who does what!

If you have one hour...

- ✿ Make a family of snails by sticking single 'cups' from an egg carton onto toilet rolls. Let your children paint their snails and cut out pieces of thin cardboard (like the kind found on cereal boxes) to create their feelers. Give the snails names and make up stories with them.
- ✿ Make vegetable soup with your children. Let older children help to chop up harder vegetables like potatoes and carrots, under your supervision. Help younger children to cut softer vegetables like tomatoes and beans. While the soup is cooking, write the recipe with your children: include a list of ingredients and step-by-step instructions which they could illustrate.



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde **UBaba uMnenke, zamani eminye yale miqondo.**

Uma ninemizuzu eyi-10...

- ✿ Khulumani ngendaba nezingane zakho. Kungani becabanga ukuthi uBaba uMnenke wayengakwazi ukupheka futhi kungani wayekhohlwe ukucanda izinkuni?
- ✿ Cela izingane zakho ukuthi zidwebe isithombe sengxenye yendaba eziyithandle.

Uma ninemizuzu engama-30...

- ✿ Xoxani ngokuthi ubani owenza miphimisebenzi eyahlukene ekhaya lakini, izingane eziningi ezincane ziyathanda ukusiza, ngakho cebisa ngemisebenzi ezingakwazi ukuyenza, isibonelo, ukubeka izincwadi kanye namathoyizi azo; ukubeka izitsha ezihlanzekile. Bhalani uhlu lwemisebenzi yasekhaya – bhala eyakho bese ugqugquzela izingane zakho ukuthi zibhale eyazo. Zisize ngokupela amagama uma zikucela. Yenza isiphakamiso sokuthi nifunde nonke bese niphanyeka uhlu lwenu ukuze nikhumbuzane ukuthi ubani ozokwenzani!

Uma unehora...

- ✿ Yenzani 'umndeni weminenke' ngokunamathisela 'izinkomishi' ngazinye zethreyi lamaqanda kumaroli ephepha langasese. Vumela izingane zakho ukuthi zipende bese zisika iminenke yazo kumakhalibhothi amancane (njengohlobo olutholakala kumabhokisi amasiriyeli) ukuze zakhe izimpondo zayo. Nikezani iminenke amagama bese niqamba indaba ngayo.
- ✿ Yenzani isobho lemifino nezingane zakho. Vumela izingane ezindala ukuthi zikulekelele uqobe imifino eqinile efana namazambane kanye nezaqathi, kumele uzigade. Siza izingane zakho ezisencane ukuthi ziqobe imifino ethambile efana notamatisi kanye nobhontshisi. Ngesikhathi nisapheke isobho bhalani iresiphi yesobho nezingane zakho: fakani nohlu lwezithako kanye nendlela yokwenza elandela isinyathelo ngasinye abangakwazi ukusichaza.



Illustrated by Turiya Magadla Izithombe ngu-Turiya Magadla

Meet the Nal'ibali characters

Gogo

Gogo is Neo and Mbali's grandmother and she lives with them. She runs her own educare centre and that is where her reading club meets every Saturday afternoon. There are 30 children in her reading club and Gogo has four volunteers who help her. She can speak all of the home languages of the children in the club – and some other languages too! Gogo speaks isiZulu, isiXhosa, Sepedi and English and she's just started learning French! Gogo is always busy but there is nothing she likes more than to relax with a cup of tea and a romance novel or a good story on the radio!

Sinethulela abalingiswa bakwaNal'ibali

uGogo

UGogo ungugogo kaNeo noMbali futhi uhlala nabo. Unenkulisa yakhe futhi yilapho kuhlangelela khona ithimba lakhe lokufunda njalo ngoMgqibelo ntambama. Kukhona izingane ezingama-30 ethimbeni lakhe lokufunda kanti uGogo unabantu abane abamsizayo. Ukwazi ukukhuluma zonke izilimi ezikhulunywa yizingane ezisethimbeni lokufunda – kanye nezinye izilimi! UGogo ukhuluma isiZulu, isiXhosa, isiPedi kanye nesiNgisi, usanda kuqala ukufunda nesiFulentshi futhi! UGogo uhlale ematasatasa, kodwa ayikho into ayithanda njengokuhlala ethokozele inkomishi yetiye efunda inoveli ephathelene nezothando noma elalele indaba emnandi emsakazweni!



Story corner

Here is the first part of a story about telling the truth for you to read aloud or tell.

The truth tree (Part 1) by Nola Turkington

Once, long ago, the King of Lesotho had only one child. When the king was very old, he called his daughter, 'My daughter, it is time for you to find a husband.'

So the Princess went out to find a wise woman to ask for her advice. 'My Princess,' the wise woman said, 'look for an honest young man who will always tell the truth.'

So the Princess sent the fastest runners to the furthest corners of Lesotho.

Each runner carried this message: *When the next*

full moon is big and bright, young men can meet our Princess at her father's Great Place. The Princess wishes to find the right husband. Off they went to spread the Princess's message across Lesotho. Lesedi, a young man who swept the floors at the Great Place, heard the news and made up his mind to attend.

The next time the moon was big and bright, Lesedi arrived at the Great Place. He found men that were big or thin, men that were tall or short, smiling men and men with worried faces all waiting to meet the Princess.

The Princess arrived and spoke to the men, 'Each man will receive a pot and a seed from a tree. Go home and plant the seed in the pot. Wait for six months. The first time the new moon climbs the sky after that, return to the Great Place with your pot. Then I will choose my husband.'

'Surely, the Princess will choose the man who grows the healthiest tree to be her husband,' the men whispered to one another.

Lesedi took his pot and seed home and asked his mother to help him. His mother, who was a good gardener, showed her son where to find the best soil and how deep to plant the seed. Lesedi planted the seed very carefully. He put his pot in a sunny place, then a shady place, and watered it a little each day. He said a prayer every night before he went to bed. But nothing happened. No tiny tree appeared.



Illustrations by Vincent Nkhomo
Imidwebo yenziwe uVincent Nkhomo

Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yokuqala yendaba emayelana nokukhuluma iqiniso ozoyifunda izwakale kakhulu noma ozoyixoxa.

Isihlahla samaqiniso (Ingxenye yoku-1) Ibhalwe nguNola Turkington

Endulo, iNkosi yaseLesotho yayinengane eyodwa. Yathi iNkosi seyikhule kakhulu yabiza indodakazi yayo yathi kuyo, 'Ndodakazi yami sekuyisikhathi sokuthi ube nomkhwenyana.'

INkosazana yaya kowesifazane ohlakaniphile ukuze icele ukucetshiswa. 'Nkosazana,' kusho owesifazane ohlakaniphile, 'funa insizwa ezohlale ikhuluma iqiniso.'

Ngakho iNkosazana yathumela abasubathi abanesivinini esikhulu ezindaweni ezikude zaseLesotho. Umsubathi ngamunye wayephethe umyalezo othi: *Izinsizwa zingayohlangana neNkosazana eSigodlweni sikayise mhla kukhona inyanga egcwele, enkulu futhi egqamile. INkosazana ifisa ukuthola umyeni ofanele.* Bahamba basabalalisa umyalezo endaweni yonke yaseLesotho. ULesedi, owayeyinsizwa eyayishanela eSigodlweni seNkosi wazizwa lezi zindaba wase enquma ukuthi naye uyoba khona.


ULesedi wafika eSigodlweni seNkosi mhla kukhona inyanga inkulu futhi egqamile. Wafika amadoda ayemakhulu naye zacile, amadoda ayemade kanye namafishane, amadoda ayemamatheka kanye nayebukeka ekhathazekile, wonke lawa madoda ayelinde ukuhlangana neNkosazana.

INkosazana yafika yakhuluma nala madoda, 'Indoda ngayinye izothola ukhamba kanye nembewu evela esihlahleni. Godukani niyotshala imbewu ezinkambeni. Nilinde izinyanga eziyisithupha. Ngosuku lokuqala lokuphakama kwenyanga entsha esibhakabhakeni nibuye eSigodlweni seNkosi nezinkamba zenu. Ngizobe sengikhetha umyeni wami-ke.'

'Kusho ukuthi iNkosazana izokhetha insizwa ezoba nesihlahla esihle kunazo zonke ukuthi ibe ngumyeni wayo,' kuhlebeza la madoda.

ULesedi wathatha ukhamba kanye nembewu wagoduka wacela unina ukuthi amsize. Unina owayenza umsebenzi omuhle engadini wakhombisa indodana yakhe ukuthi ingawuthola kuphi umhlabathi omuhle kanye nokuthi kumele iyitshale ishone phansi kangakanani imbewu. ULesedi watshala imbewu ngokucophelela. Wabeka ukhamba lwakhe elangeni, emthunzini, wayichelela nsuku zonke. Wayethandaza nsuku zonke ebusuku ngaphambi kokuba ayolala. Kodwa akuzange kwenzeka lutho. Akuzange kuvele ngisho nesincane isithombo.

Adapted from: 'The Truth Tree' from *Stories that Talk*. Published by Heartlines. © 2006



In your next Nal'ibali supplement:

- How to read to babies and toddlers
- Story stars: raising a reader from birth
- Mini-book, *Can you?*
- The final part of the story, *The truth tree*

Can't wait until next week for more reading and story tips, tools and inspirational ideas? Visit www.nalibali.org or find us on Facebook: www.facebook.com/nalibalireadingclubs



Find us on Twitter: @nalibali
Tholana nathi kwi-Twitter: @nalibali

Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Indlela ongazifundela ngayo izingane ezisencane kanye nezisacathula
- Abavelele ezindabeni: ukukhulisa umfundi kusukela ezelwe
- Incwadi encane, *Ungakwazi?*
- Ingxenye yokugcina yendaba, *Isihlahla samaqiniso*

Ngabe awukwazi ukulinda kuze kube ngesonto elizayo ukuze ufunde nokunye kanye namathiphu endaba, amathuluzi kanye nemiqondo evusa usinga? Vakashela ku-www.nalibali.org noma usithole naku-Facebook: www.facebook.com/nalibalireadingclubs




Read the original story, *Father Snail* published by New Africa Books and available in bookstores. This story is also available in isiZulu, isiXhosa, Afrikaans, Siswati, Sepedi, Sesotho, Setswana, Xitsonga, Tshivenda and isiNdebele.

New Africa Books publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about New Africa Books email info@newafricabooks.co.za


Funda inoveli yoqobo ethi, *Ubabe uMnenke* eshicilelwe yi-New Africa Books futhi iyatholakala nasezitolo zezincwadi. Le ndaba iyatholakala futhi nangesiZulu, isiXhosa, isiBhunu, iSiswati, isiPedi, isiSotho, isiTswana, isiTsonga, isiVenda nesiNdebele.

I-New Africa Books ingabashicileli bezincwadi zabafundi abasebasha ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika. Ukuze uthole kabanzi ngamagama ezincwadi zase-New Africa Books vakashela e: info@newafricabooks.co.za

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment initiative to get people in South Africa – children and adults – passionate about telling and reading stories. For more information, visit www.nalibali.org.



Nal'ibali umkhankaso kazwelonke wokujabulela ukufunda ukwenza ukuthi abantu baseNingizimu Afrika – izingane nabantu abadala – babenogqozi lokuxoxa kanye nokufunda izindaba. Ukuthola ulwazi olunabile, vakashela e: www.nalibali.org.



Father Snail

Ubabe uMnenke

Xolisa Guzula & Turiya Magadlela

Rabbit watched through the window as Mama Sele left for work. Rabbit felt grumpy...Who was going to feed him and who was going to keep him warm?
Rabbit rushed to Father Snail, carrying an empty plate and an empty cup. Father Snail was still asleep. He snored. Rabbit put his fingers in his ears. What a terrible noise!
He shook Father Snail. "Daddy, wake up. I'm hungry!"



UNogwaja wambuka ngefasitela lapho umama Sele ehamba eya emsebenzini. UNogwaja wazizwa engundununu...Ubani owayezomupha ukudla futhi ubani owayezomgcina efudumele?
UNogwaja washesha waya kubaba uMnenke ephethe ipuleti elingenalutho kanye nenkomishi engenalutho. UBaba uMnenke wayesalele. Wahona. UNogwaja wabeka iminwe yakhe ezindlebeni zakhe. Umsindo ongaka! Wanyakazisa uBaba uMnenke. "Baba, vuka. Ngilambile!"






Father Snail slowly opened his eyes. He dragged himself out of bed, and to the cupboard. There was no food in the cupboard! And there was no electricity to cook.
"Go and fetch wood!" Father Snail grumbled.
"I can't do that alone. It is still dark outside. And it is dangerous too!" said Rabbit.



UBaba uMnenke wawavula kancane amehlo akhe.
Wazihudula wehla embhedeni, waya ekhabetheni.
Kwakungekho kudla ekhabetheni! Nogesi wokupheka futhi wawungekho.
"Hamba uyothatha izinkuni," kukhononda uBaba uMnenke.
"Angeke ngikwazi ukukwenza lokho ngedwa. Kusemnyama phandle. Kuyingozi futhi!" kusho uNogwaja.

"You chop the wood," said Father Snail.
"Chopping wood is hard work," said Rabbit. "You try first."
So Father Snail tried to chop the wood. But a log fell on his foot.
"Ouch!" he shouted.
Rabbit smiled and showed Father Snail how Mama Sele chops wood.
The sun was already very high in the sky. Rabbit started to collect the wood.
"Daddy, the wood is heavy and the logs are too long for me to carry,"
Rabbit complained.
Father Snail bundled the wood and lifted the bundle onto his head.
Rabbit had never seen Father Snail doing that before. He laughed so loud that he had to hold his tummy.

"Wena gawula izinkuni," kusho uBaba uMnenke.
"Ukugawula izinkuni umsebenzi onzima," kusho uNogwaja. "Akuqale wena kuqala."
UBaba uMnenke wazama-ke ukugawula izinkuni. Kodwa kwawela ugodu phezu konyawo lwakhe.
"Eshu!" wamemeza.
UNogwaja wamamatheka, wakhombisa uBaba uMnenke ukuthi umama uSele ulugawula kanjani ukhuni.
Ilanga lase livele liphezulu kakhulu esibhakabhakeni. UNogwaja waqala ukuqoqa izinkuni.
"Baba, izinkuni ziyesinda kanti nezigodo zinde kakhulu ukuthi ngingazithwala," kukhononda uNogwaja.
UBaba uMnenke wazihlanganisa izinkuni wayesethwala inyanda yezinkuni ekhanda lakhe.
uNogwaja wayengakaze ambone uBaba uMnenke enza lokho ngaphambili. Wahleka kakhulu kangangokuthi kwaze kwadingeka ukuthi abambe isisu.





“What are we going to eat” asked Father Snail when they got back home.

“We can pick beans in Mama’s garden,” said Rabbit. Rabbit dragged Father Snail out to Mama Sele’s vegetable garden. Father Snail knelt on the ground to help Rabbit pick the beans.

“Oh, my back hurts!” Father Snail moaned when he tried to stand up.

Rabbit helped Father Snail up, but he lost his balance. They both fell on the ground, looked at each other...and laughed!

“Sizodlani?” kubuza uBaba uMnenke lapho befika ekhaya. “Singakha ubhontshisi engadini kamama,” kusho uNogwaja. Unogwaja wadonsa uBaba uMnenke baya engadini yemifino kamama uSele. UBaba uMnenke waguqa enhlabathini wasiza uNogwaja ukukha ubhontshisi. “Awu, iqolo lami libuhlungu!” kukhala uBaba uMnenke lapho ethi uzama ukusukuma.

UNogwaja wasiza uBaba uMnenke ngokusukuma, kodwa wahluleka ukuma aqinise imilenze yakhe. Bawela enhlabathini bobabili, babukana ... base behleka!



Now there was wood and an *imbawula* tin to make a fire. There were beans to make soup. But there was no Mama to cook!

"Now what can we do?" Rabbit asked.

"We can't eat raw beans," said Father Snail.

"I can't cook!" said Rabbit. "I can't even make a fire!"



Manje kwase kunezinkuni kanye nethini lokubasa umlilo wembawula. Kwakunobhontshisi wokwenza isobho. Kodwa wayengekho umama oweyezopheka!

"Manje yini esingayenza?" kubuza uNogwaja.

"Angeke sikwazi ukudla ubhontshisi ongaphekiwe," kusho uBaba uMnenke.

"Angikwazi ukupheka!" kusho uNogwaja.

"Angikwazi ngisho ukubasa umlilo!"



Father Snail looked at Rabbit and smiled.

"I know what we can do!" he said.

"You know how to cook?" Rabbit asked.

"Well, not exactly, but I can always try. Watch your clever father!"

Father cooked for the *first* time! He tripped and spilled the beans. There were more beans on the ground than in the pot!

UBaba uMnenke wabuka uNogwaja wayesemamatheka. Wathi, "Ngiyazi ukuthi yini esingayenza!"

"Uyakwazi ukupheka?" kubuza uNogwaja.

"Ya, hhayi ngempela, kodwa ngingazama. Buka ubaba wakho ohlakaniphile!"

UBaba uMnenke wapheka okokuqala ngqa! Kodwa wakhubeka wawa, ubhontshisi wachitheka. Wawumningi ubhontshisi owawuphansi kunowawusebhodweni!



The soup was ready! Father Snail and Rabbit sat around the fire, eating soup together. When Mama Sele came home in the evening, she couldn't believe her eyes.

"Who made the fire? Who made this food? Who cleaned the house?"

"We did!" said Father Snail proudly.

"And we had lots of fun!" smiled Rabbit.

Lase lilungile isobho! UBaba uMnenke kanye noNogwaja bahlala bazungeza umlilo, badla isobho ndawonye. Lapho umama uSele efika ekhaya kusihlwa, akazange awakholwe amehlo akhe.

"Ubani obasile? Ubani ophekile? Ubani ohlanze indlu?"

"Yithi!" kusho uBaba uMnenke ngokuziqhenya.

"Futhi sibe nesikhathi esimnandi kabi!" kumamatheka uNogwaja.

